

IVIKI 1: UJesu uyasibiza ukuba sithande (Ukuxolela)

IVangeli: *Mark 1:12–15* – UJesu uya ogwadule.

Umzindlo:

UJesu ukhetha indawo ethule ogwadule ukuba athandaze alalele uBaba. INkathi yokuHlupheka isimema ukuthi sisuke emsindweni nasekuphazamisekeni. Ukuthethelela kuqala lapho sivumela uNkulunkulu ukuba angene ezindaweni ezicashile zezinhliziyi zethu, lapho ukuphulukiswa kubaluleke kakhulu.

UButhunywa boMndeni:

✓ Buthule ake usho igama lomuntu oyedwa othola kunzima ukumxolela.

✓ Zonke izinsuku khulekela igrasiya lokubabona ngamehlo kaNkulunkulu.

Umkhuleko:

Jesu, ngena ezindaweni ezithule zenzhliziyi yami. Yelapha abalimele ungifundise ukuxolela ngothando. Amen

IVIKI 2: Lalela uJesu (Ukuguqulwa kwesimo kukaJesu)

IVangeli: *Mark 9:2–10* – “Lena yindodana yami ethandekayo, ilaleleni.”

Umzindlo:

Abafundi babona inkazimulo kaJesu futhi bezwa izwi likaNkulunkulu libabiza ukuba balalele. Ukulalela kuthatha isikhathi nokwethemba. Uma silalela ngezinhliziyi ezivulekile, uJesu ulolonga kancane ukukhetha kwethu futhi akhanyise indlela yethu.

UButhunywa boMndeni:

✓ Chithani imizuzu emihlanu ngeviki nithule ndawonye .

✓ Omunye nomunye azindle ngokuthula ngezinto zothandi uJesu afisa ukuba azenze.

Umkhuleko:

Jesu, ngisize ngibone izwi lakho futhi ngilandele

lapho uholela khona. Vumela ukukhanya kwakho kuqondise impilo yami. Amen

IVIKI 3: UJesu uhlanza iThempeli (Ukuhlonipha uNkulunkulu)

IVangeli: *John 2:13–25*

Umzindlo:

UJesu usikhumbuza ukuthi okukaNkulunkulu kufanele kuphathwe ngokucophelela. Izinhliziyi zethu ziyindawo kaNkulunkulu yokuhlala. ILent isibiza ukuba sisuse imikhuba nezimo zengqondo eziminyanisa uthando, umthandazo, nenhlonipho.

UButhunywa boMndeni:

✓ Hlanza indawo ekhaya kube wuphawu lokuvulela uNkulunkulu isikhala.

✓ Yimani nithule ndawonye nicele uJesu ukuba avuselele izinhliziyi zenu.

Umkhuleko:

Jesu, ngisize ngihloniphe Wena enhliziyweni yami, nekhaya lami, kanye nendlela engiphatha ngayo abanye. Amen.

IVIKI 4: UNkulunkulu uyawuthanda umhlaba (IThemba)

IVangeli: *John 3:14–21* — “UNkulunkulu walithanda izwe kangaka...”

Umzindlo:

Uthando lukaNkulunkulu lungaphezu kwalokho esingakubona noma sikucabange. Wonke umuntu ubalulekile kuNkulunkulu. Ithemba liyakhula lapho sikhumbula ukuthi uthando lunamandla kunokwesaba, ukuhlukana, noma ubunzima.

UButhunywa boMndeni:

✓ Yabelana ngokuthile naloyo odingayo.

✓ Khulekela abantwana kanye nemindeni ebhekene nobunzima emhlabeni wonke.

Umkhuleko:

Jesu, ngiyabonga ngokuthanda wonke umuntu

ngaphandle komkhawulo. Ngisize ngibe uphawu lwethemba kwabanye. Amen.

IVIKI 5: Imbewu kumele ife ukuze ikhule (Umhlatshelo)

IVangeli: *John 12:20–33*

Umzindlo:

UJesu ufundisa ukuthi ukuphila kukhula ngokuzinikela. Imihlatshelo emincane, enikelwa ngothando, isiza impilo entsha igxile kithi nasemhlabeni. INkathi yokuHlawwula ibumba izinhliziyi eziphanayo ezilungele ukukhonza.

UButhunywa boMndeni:

✓ Khethani ukuzinikela okuthile nabelane ngakho ningumndeni kuleliviki.

✓ Kwenzeni kube wumnikelo walabo abaswele.

Umkhuleko:

Jesu, ngifundise ukupha ngokuphana futhi ngikhule ngothando. Amen.

ISonto lamaSundu: UJesu, iNkosi yethu yoXolo

IVangeli: *Mark 11:1–10*

Umzindlo:

UJesu ungena eJerusalema ngokuthobeka, hhayi ngenkani. Indlela yakhe iyindlela yokuthula, uzwelo, nokuthembela kuNkulunkulu. Ukwamukela uJesu kusho ukukhetha ukuthula emazwini ethu, ezenzweni zethu, nasezindlini zethu.

UButhunywa boMndeni:

✓ Dweba isiphambano samasundu kube wuphawu lokukhombisa ukwamukela

✓ Khulekelani ukuthula emndenini, kwiparish, kanye nasemhlabeni wonke.

Umkhuleko:

Nkosi Jesu ubuse ezinhliziyweni zethu. Yenza ikhaya lethu libe yindawo yokuthula nothando. Amen.

ImiZindlo yangeViki eliNgcwele

NGOLWESINE OLUNGWELE – UJesu
uyasikhombisa ukuthi kumele sithande kanjani

Asibheke kulokhu: UJesu ugeza izinyawo zabafundi bakhe.

Umzindlo:

UJesu uguqa phambi kwabangane Bakhe futhi abakhonze ngobubele. Uthando alubonakali ngamazwi kodwa ngezenzo zokuthobeka. ULwesine Ongcwele usifundisa ukuthi ukulandela uJesu kusho ukukhonza abanye ngokuthula nangokuphana, ikakhulukazi labo abavamise ukunakwa.

UButhunywa boMndeni:

- ✓ Gezanani izandla ekhaya lokhu kube wuphawu lokusebenzela abanye.
- ✓ Khulekelani abazali, abanakekelayo, othisha, abahlengikazi, abapriste, kanye nalabo abasebenzela abanye zonke izinsuku..

Umkhuleko:

Jesu, wakhetha ukukhonza kunokukhonzwa. Sifundise ukuthanda ngomusa nokuthobeka. Amen.

NgoGOOD FRIDAY – UJesu unikelela thina ngempilo yakhe

Asibheke lokhu: UJesu uyafa esiphambanweni.

Umzindlo:

UJesu uthwala ubuhlungu bezwe futhi unikela ngokuphila Kwakhe ngothando. Isiphambano sisikhumbuza ukuthi akukho ukhulupheka okuchithwayo uma kubekwa ezandleni zikaNkulunkulu. Nasekuthuleni nasosizini uNkulunkulu uyasebenza.

UButhunywa boMndeni:

- ✓ Ake ume ukhulekelele buthule ngo3pm, okuyihora uJesu afa ngalo.
- ✓ Yenzau uPhawu lweSiphambano kancane nangokukhuleka.

Umkhuleko:

Jesu, siyabonga ngokusithanda kuze kube

sekupheleni. Hlala useduze nabo bonke abahluphekayo namuhla. Amen.

NGOMGQIBELO ONGCWELE – Ukulinda ngethemba

Asibheke kulokhu: Ukuthemba iNkulunkulu buthule.

Umzindlo:

UMgqibelo Ongcwele usuku lokulinda. Ithuna livaliwe, nokho ithemba liyaphila. UNkulunkulu usebenza ngokuthula, ngisho nalapho kubonakala sengathi akwenzeki lutho. Ukulinda ngokwethembeka kulungiselela izinhliziyi zethu impilo entsha.

UButhunywa boMndeni:

- ✓ Khanyisa ikhandlela libe wuphawu lwethemba.
- ✓ Khuleka ngokukhethekile ukhulekele abantwana abangaphephile, abangenalo uphahla, noma ukuthula.

Umkhuleko:

Nkulunkulu wethemba, sisize sikwethembe ezikhathini zokulinda nokungaqiniseki. Amen.

NGESONTO LANGEPHASIKA – uJesu uyaphila!

IVangeli: Mark 16:1–7

Asibheke lokhu: UJesu uvukile. Ukuphila okusha sekuqalile emhlabeni wonke.

Umzindlo:

Ithuna alinalutho. UJesu uyaphila. Ukwesaba kuthathelwa indawo injabulo, nokufa kubuyisela ukuphila. IPhasika lisikhumbuza ukuthi uthando lukaNkulunkulu lunamandla kunobumnyama. Isiqalo esisha singenzeka kuwo wonke umuntu nakuzo zonke izizwe.

UButhunywa boMndeni:

- ✓ Bhakani isinkwa noma yabelanani ngokudla ndawonye ngokujabula.
- ✓ Memani noma khumbulani loyo oyedwana.

Umkhuleko:

Jesu ovukile, siyabonga ngesipho sempilo entsha. Sithumele njengezithunywa zevangeli zethemba nenjabulo. Amen.

AmaSonto eNkathi yokuHlawula noJesu IziNsiza zoMndeni



Inkathi yokuHlawula wuhambo esiluhamba noJesu, isinyathelo ngesinyathelo, sibheke empilweni entsha. ISonto ngalinye limema imindeni ukuthi ime kancane, ilalele, futhi ikhule eduze noNkulunkulu ngomthandazo, ukuzindla, kanye nezenzo ezilula ekhaya. UJesu uhlangana nathi lapho sikhona futhi ngobumnene alongwe izinhliziyi zethu ngokuthethelela, ithemba, umhlathshelo, nokuthula.

Lezi zikhathi zamasonto onke zisiza ukholo lugxile ekuphileni kwansuku zonke, ikakhulukazi ezinganeni. Izenzo ezincane, umthandazo ohlanganyelwe, nokulalela ngokuthula kungaletha ushintsho lwangempela. Le ncwajana inikeza indlela elula yokulandela uJesu ndawonye, silungiselela izinhliziyi zethu injabulo yePhasika